**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULA AMABHULOHO OKHOMBE NETHONYELANE EBERGVILLE NGOLWESIHLANU MHLAKA 19 OCTOBER 2007.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- UMnyango wezokuThutha esifundazweni usemkhankasweni wokwakha amabhuloho okuwela ngezinyawo esifundazweni sonke. Izolo nje besivula umgwaqo eMsinga kanti ngoLwesibili besihlaba isoyi lokulungiswa komgwaqo eMzumbe.

- Khona lapho eMsinga futhi besethula ngokomthetho umkhankaso wethu ka'Operation Kushunquthuli'. Kulo mkhankaso siqinisa ukuzibophezela kwethu ekuletheni ithemba emiphakathini edinga kakhulu ukuze nayo ikwazi ukujabulela impilo engcono kubantu bonke. Siguqula izimpilo zabantu ngokwakha imigwaqo namabhuloho kusuka eningizimu kuya enyakatho nasempumalanga kuya entshonalanga.

- Ucwaningo olwenziwe luveze ukuthi sidinga amabhuloho okuwela ngezinyawo angu-146, kodwa uMnyango wezeMfundo wengeze ayikhulu ngaphezulu. La mabhuloho adingeka ukuze asize izingane zethu zesikole ezihlale zibeka izimpilo zazo engozini ngokuwela imifula egcwele uma ziya esikoleni ngezikhathi zasehlobo.

- Lo mkhankaso usho ukuthi akukho noyedwa, noma umuntu noma inhlangano ethile, ongasivimba ukuthi sibuyise isithunzi sothisha abaphoqeleka ukuthi bakhumule phambi kwezingane uma bewela imifula.

- Namhlanje sihlangene lapha eBergville sizovula amabhuloho amabili, Okhombe neTonyelane esiwakhe ngesamba sika-R3.4 million no-R6.8 million ngokulandelana.

- La mabhuloho azosiza umphakathi ohlala endaweni yasoKhombe neSandlwana. Lezi zindawo zinezikole zamabanga aphansi ezimbili ezinezingane ezibalelwa ku-500 ngale komfula iThonyelane.

- Ibalelwa ku-240 imindeni ehlala ngale kwebhuloho iThonyelane kanti bekulokhu kuyinkinga ukwenza imisebenzi yokuzakhela imali ngomhlaba wawo lo mphakathi. Abamatekisi nabo sebezokwehlisa kahle abagibeli eduze kwemizi yabo.

- Othisha ngeke besaphoqeleka ukukhumula izingubo uma bewela imifula beya ezikoleni, futhi sekuzophela nokulova kothisha anabafundi ngenxa yemifula egcwele.

- Omama ababelethayo sebezokwazi ukuthola ukufinyelela emtholampilo ongumahamba nendlwana noma emtholampilo oseduze nasesibhedlela, kunokuba basikwe baze bafe njengoba bekwenzeka phambilini.

- Ukwakhiwa kwemigwaqo namabhuloho nokukhuthaza izindlela zokusebenza ngezandla zabantu, kuyizinto esigxile kakhulu kuzona ezenza uhulumeni wethu akwazi ukuletha ingqalasizinda edingekayo emiphakathini yasemakhaya, futhi sinisekise ukuthi kwakhiwa amathuba emisebenzi lapho edingeka khona kakhulu.

- Bambalwa, uma bekhona emlandweni, ohulumeni abake bakwazi ukubhekana nezinselelo ezahlukene njengoba senza eNingizimu Afrika. Ukungenisa kobukoloni nobandlululo kuleli kwashiya imiphakathi inhlakanhlaka ingakwazi ngisho ukwenzani eya phambili.

- Imiphakathi yasemakhaya, ikakhulukazi, ibibhekene nesimo esibucayi kwezomnotho nakuba inamathuba amahle kwezolimo nakwezokuvakasha. Ngakho-ke, ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo esibhekane nayo akubanga nje ukulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kudingeke sibhekane nezinselelo ezilethwa ubugebengu, ingculazi nobubha. Yingakho sibe sesizibekela umgomo wokuthi senze impilo engcono kubantu bonke.

- Njengohulumeni sizohlale senza konke okusemandleni ukusiza imiphakathi kulezo zinselelo ebhekene nazo ezindaweni zazo. Kodwa ngithanda ukunxusa imiphakathi isebenzesane nezinhlaka esizibekile emazingeni kahulumeni womathathu.

- UMnyango wami uhlale uzimisele ngokunika omasipala usizo abaludingayo ekuhlelweni kwengqalasizinda yomgwaqo, okuyingxenye yohlelo lwentuthuko edidiyele. Esingakufuni yindaba yokusebenzisa ipolitiki egameni labantu bakithi.

- Okokugcina, mangihalalisele umphakathi wasoThukela wonkana ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho asebakhelwe wona nabasazokwakhelwa wona. Kuyacaca ukuthi ngempela ukusebenza kwethu kugxile ekubhekeleni izimpilo zabantu bakithi.

**Ngiyabonga.**